

UNGASIZA KANJANI?

Ungakhuthazi ukuthumba, ungalithengi ithikithi. Tshela abanye ngewebhusayithi yethu - www.WOWvsTaiji.com

Cela nezinye izintokazi zisijoyine. Sonke isikhathi uma ukhuluma nabanye abantu ngokuthunjwa nokuzingelwa kwalezi zilwane, uyabaqwashisa. Futhi ngaso sonke isikhathi uma kunamalungu ajoyinayo sifinyelela kwezinye izingxenye zomhlaba.

Finyelela emphakathini wakho, abangani kanye

nomndeni bacele bangakweseki ukuthunjwa kwalezi zilwane futhi ubatshela izizathu. Batshele ukuba babukele i-Blackfish ne-Cove. Noma ubamemele kwakho kubukelwe le midlalo

yebhayisikobho bese ubacela banikele ngobusuku obubodwa ukuze baqondise lo mkhankaso owuthandayo. Iyodwa kuphela indlela yokwenza izingqomo ezingcono, lokho ukuba ube nolwazi ngokugcwele.

Finyelela kubaholi bomphakathi wakho kanye/noma abamele umbuso, ubone ukuthi bona bami kuphi kulolu daba lokuthunjwa nokuzingelwa kwalezi zilwane nokuthi yini abangakusiza ukuba uyifeze. Bheka ukuthi yimiphi imithetho ebekiwe malungana nezilwane zasolwandle ezinkulu ezifana namahlengethwa nemikhombe uphinde ubone ukuthi yini wena ukanye nabaholi bomphakathi wakho eningayenza ukwenza ngcono noma ukuphucula.

Buza ukuba ungethula na inkulomo esikoleni sengane yakho

noma somzukulu wakho. Have a question and Hlela isikhathi sokubuzwa nokuphendulwa kwemibuzo mayelana nalolu hlobo lwamahlengethwa nemikhombe. Fika nomathangeni (i-laptop) noma ithebhulethi, bavezele Isigaba sezindaba zezingane bese ubavezela ulwazi kanye namavidiyo. Kuthiwa ugotshwa usemanzi.

Ake ubheke eminye imikhakha ehlinzeka Uhambo Oluhleliwe

Oluzwelana Nemvelo fukuze uthole amanye amapaki ongawavakashela, cela abangani ukuba baye kobuka uma bethi baya epaki ekhuluma gezasolwandle. Babuze ukuba bangethanda na ukuya epaki ehlinzeka ngohambo

Oluzwelana Nemvelo esikhundleni salokho.

Hlela ukucocwa kwebhishi bese ninikezela ngamapheshana akhuluma ngalo mkhankaso, sinawo singawadawuniloda kuwebhusayithi yethu siwaphrinte nanini lapho uwafuna. Amaphosta, Amakhadi Ebhizinisi, Amapheshana, Izitika/Okunanyatheliswayo kanye nale ncwajana ngezilimi eziningana.

Zifunele umphenyana emakethe, lapho uzokhuluma nabantu ngabanye ngabanye, usabalalise amapheshana namakhadi Ebhizinisi, uphrinte amaphosta futhi uwalengise kuleyo ndawo yakho.

Zibandakanye Emicimbini, heka ikhasi lemicimbi kuwebhusayithi yethu ukuze ubone izinsuku namalinki emicimbi ongayeseka.

Izinxuso Zokusayindwa Yimiphakathi.

Zibandakanye kuma-Tweet Storms ku-Twitter.

ZIBANDAKANYE

Zintokazi yibani yingxenye yethu ku-Facebook

facebook.com/groups/women.against.Taiji



Wonke umuntu angasijoyina ku-Twitter

@WOWvTaiji & @WOWvsCaptivity



Wonke umuntu angavakashela iwebhusayithi yethu

www.WOWvsTaiji.com



Ngemininingwane ethe xaxa mayelana ne-Women of the World United Against Taiji ~

Sithumele i-imeyli lapha:

info@WOWvsTaiji.com



Silwela ukuba kuphele nya ukuthunjwa nokubulawa kwezilwane zasolwandle ezifana namahlengethwa nemikhombe emhlabeni-jikelele.

Ungasilekelela nawe ekukhulumeleni lezi zilwane?

YIBA YINGXENYE YETHU

NABA Abesifazane be - Women of the World United Against Taiji

Silwela ukuqeda nya lo mkhuba wokuthunjwa nokuzingelwa kwalezi zilwane nogcina uholela ekubulaweni, ukuhlushwa nokuthunjwa kwalolu hlobo lwamahlengethwa okwenzeka minyaka yonke kusukela ngoSeptemba kuya kuMashi e-Taiji, eJaphani. Yibona abangabasabalalisi abakhulu balolu hlobo lwamahlengethwa kumapaki asolwandle kanye nezikhungo zokubhukuda zalolu hlobo lwamahlengethwa emhlabeni. Ukubulawa kuyaqhubeka kwezinye izingxenye zeJaphani kanye nezinye izindawo ezifana ne-Faroe Islands lapho kuzingelwa kubulawe amakhulu ngamakhulu alezi zilwane, kwesinye isikhathi izinkulungwane zemikhombe efudukayo ngonyaka ngamunye. Sidinga ukuvikela izilwandle zethu kanye nakho konke okuphila kuzona ngaphambi kokuba isimo sidlebeleke.

Umgomo wethu

besifazane bomhlaba, balwa ngokuthula nokuzimisela okukhulu, ukuze ngelinye ilanga kube yilolo suku lapho izilwanekazi zasolwandle ezifana nemikhombe namahlengethwa zibhukude ngokukhululeka futhi zivikelekile olwandle. Ngosuku okuyophela ngalo konke ukuthunjwa nokuzingelwa yilona suku esiyobe siyinqobe ngalo impi.

Iqembu lethu

Iminyaka ngeminyaka izikhungo zokuthumba izilwane bezigxile kulolu hlobo lwamahlengethwa, imikhombe kanye nezinye izilwane eziphilayo ukuze zithokozise izindimbane zabantu, kodwa iningi labantu namanje alikazi ukuthi lezi zilwane kanye nezinye zihlala kuphi. Injongo yethu njenge-WOW igxile nje kuphela ekufundiseni okubandakanya abantu abasebasha nabadala ukuba bangacini nje ngokuyeka ukweseka izikhungo ezithumba izilwane kodwa baqonde nezizathu zakhona.

Kusezandleni zabathengi kuphela okuyibo abakhokhela amathikithi okubukela lezi zilwane ezithunjweyo zibadlalela ukuba baqede lolu hwebo olubi kangaka unomphelo. Siyanincenga ukuba ningazeseki izikhungo ze-Marine Parks ne-Swim with Dolphins.



Khuthaza
Ushintsho.
Fundisa.
Gqugquzela
Abanye.

SIZINIKELE kulo msebenzi

Saqala umsebenzi wethu ngoDisemba 2014. Ukuze sesekane ngesikhathi sokuzingelwa kwamahlengethwa ohlobo lwamadolifini. Manje sewuphenduke umkhankaso womhlaba. Siyaqhubeka nokufinyelela emazweni amaningi kanti iqembu lethu liyakhula nsuku zonke.

Amahlengethwa nemikhombe nayo inemizwa, iyabona okwenzekayo, nayo iphila emphakathini futhi idinga ukuvikelwa.

Eminyakeni esanda kudlula kutholakale ukuthi kweminye imikhombe namahlengethwa kunohlobo lwamangqamuzana asebuchosheni aziwa njengamangqamuzana apothekile noma ama-Von Economo neurones. Amangqamuzana apothekile kucatshangwa ukuthi yiwona apethe 'umuzwa wokukwazi ukucabanga ngendlela enembayo ezimweni zasekuphileni' futhi amataniswa nemizwa efana nozwelo. Kuze kube manje kwakunenkolelo yokuthi lawa mangqamuzana akhethekile atholakala ebuchosheni babantu kuphela nakwezinye izinkawu. Izinhlelo zokucwaninga manje sezikhomba ukuthi kunamangqamuzana apothekile ebuchosheni bezinhlobo zemikhombe namahlengethwa alandelayo: (www.USwhales.org)

Imikhombe ebizwa ngama-Humpback	Ama-Belugas
Imikhombe enamaphiko ezinhlanzi	Ama-Bottlenose dolphins
Ama-Sperm whales	Ama-Risso's dolphins
I-Orcas	

Nokuphinda kufakazelele ukuthi ukuthunjwa kuyinto eyindida kulezi zilwane. Le akuyona indlela okufanele siphathane ngayo njengezidalwa eziphila kulo mhlaba. Ngokuzivalela nokuzincipha ukudla ukuze zigile imigilingwane yemibukiso bese ziklonyelise ngokudla, Lezi zilwane azikwazi ukuzikhulumela, ngakho-ke kukumthwalo wethu ukuzikhulumela. Siyanxusa ukuba nijoyine lo mshikashika wethu ukuhlaba umkhosi ngalo mkhankaso wokuthunjwa kwezilwane.

Abakwa-SeaWorld namanye amapaki ezasolwandle baye bazivikele ngokuthi konke lokhu kwenzelwa ukufundisa kanye nokulondolozwa kwemvelo kodwa sonke siyazi ukuthi singakwazi ukufunda ngazo zonke izilwane eziphilayo ngaphandle kokuzisusa lapho zihlala khona. Futhi ungakwazi ukufunda kahle ngazo ngokuba uzibone zihlezi lapho zihlala khona vele.

Ukuthumba izilwane Akuyona
Imfundo.

AMAPHUZU AMAFUSHANE

Ngamahlengethwa Nemikhombe

Ahlala ngamaqoqo amakhulu abizwa ngemihlambi Lezi zilwane ziyazazi, zinemizwa nazo, ziyazibandakanya ohlotsheni oluthile olungabambeki lokucabanga, ziyakhetha izinto ezizozenza, zifunda ngokubukela, ziqonda kahle ukuma kwendawo eziphila kuyo, zifunda ukuthi yini esebenzayo nokuthi yini engasombululi izinkinga zize zakhe izisombululo ezintsha zezinkinga ezibhekene nazo.

Amachwane akhona aphila ngokuncela ubisi komama onyakeni woku-1 kuya kowesibili, kwesinye isikhathi ithuba elide kunalelo. Bese eqala ukwethulwa ezinhlanzi nezingwane ezinyangeni ezi-4 kuya kweziyisi-6 ubudala. Amafutha atholakala obisini azisiza ukuba zikhule ngokushesha. Emva kokulunyulwa ebeleni, ezesilisa ziyashiya umhlambi lowo ziqale eyazo imihlambi noma zijoyine eminye. Izingane zesifazane kuyenzeka zihlale nomama kulowo mhlambi impilo yazo yonke. Uma-ke kwenzeka zibashiya onina, ziba seduze kakhulu nabo.

Imikhombe yesifazane ama-Beluga ingatshuza ibanga elingama-1,000 feet ukujula futhi eyesilisa ingatshuza ibanga elingama-2,000ft. Amahlengethwa nemikhombe abhukuda amamayela ayi-100 futhi angatshuza noma kuphi lapho kujule ngama-10 kuya kuma-150 ft, kodwa-ke ayakwazi ukutshuza nasendaweni ejule kakhulu kunalokho. Kodwa-ke uma ethunjiwe akakwazi ukukwenza konke lokho. Ngoba phela amadamu okuzenzela akajulanga neze futhi ayabophezela.

Amahlengethwa athunjiwe nama-Orca kaningi aqhamuka ezizindeni nasezinhlangeni ezahlukene. Amahlengethwa athunjiwe kaningi a yaphoqwa ukuba aphilisane kanye nezinye izinhlobo nokungadala izinkinga zokuxhumana ngendlela namanye, futhi-ke kungenzeka angazwani nokuzwana, kubandakanya nohlobo abengeze angqwamana nanalo endle.

Imikhombe namahlengethwa aye azaliswe ngokuzenzela laphaya ekuthunjweni, esikhathini esiningi esemancane kakhulu. Lezo ezizalwe ekuthunjweni zisuke zingakaze zibe semihlambini yasendle lapho zibanjwa khona ukuze zinakekele izingane ngumama ohlo umhlambi. Ezinye zilahlwa ngonina, eziningi azikwazi ukuphila ekuthunjweni futhi bekwenza zikwazi, zisezincane ziyahlukaniswa konina zithuthelwe emapaki asolwandle ahlukahlukene, emhlabeni-jikelele. Ukuchamuselwa ekuthunjweni sekunobufakazi bokuthi akusebenzi. Akuyona indlela yemvelo nhlobo.